


Kudala, kwakukhona insizwa igama layo kwakunguMosimame.

Wayehlonipha kakhulu futhi ebathanda abantu. Wayejwayele ukuyoziphumulela eduze nomfula.

Langa limbe, kwathi uMosimane ehlezi ngasemfuleni, wabona inyoka.



“Sawubona wenyoka,” kusho uMosimane.

“Sawubona Mnumzane,” kuphendula inyoka.


Inyoka yatshela uMosimane ukuthi ingamenza abe yisicebi. Kuphela nje kwakufanele ayithwale ayibeke ekhanda ayise lapho ifuna ukuya khona.

Yayibukeka ithembekile.



UMosimane wayengumuntu onomusa. Wavuma ukuthwala inyoka ayibeke ekhanda.

Bawela umfula bobabili.



Bathi bangafika phesheya komfula, inyoka yacela ukuthi babe abangane, njengoba izinyoka zazingenabo abangane.

Wavumela phezulu uMosimane.

Endleleni bahlangana noMnumzane uMpisi.



“Sanibonani bantu bakithi,” kubingelela impisi.

“Sawubona Mnumzane uMpisi,” kuphendula uMosimane nenyoka kanyekanye.

“Nilibangisephi nina nobabili?” kubuza uMpisi.

“Silibangise lapho engifuna ukuya khona,” kuphendula inyoka. UMnumzane uMpisi wamangala.



“Ngabe uyakhokhelwa yini ngokuthwala leyo nyoka ekhanda lakho?” kubuza uMnumzane uMpisi kuMosimane.

UMosimane akazange athi phefu ngalokho inyoka eyayimthembise khona.

Wahamba nenyoka baqhubeka nohambo lwabo.



Besahamba uhambo lwabo olude bedukuza ehlathini, uMosimane wafikelwa ukukhathala.

Bahlangana nomalume uMpungushe ezihlalele eduze nesihlahla esasinomthunzi.

Umalume uMpungushe wabuka inyoka izisongele ekhanda lomuntu. Akazange akholwe yilokho ayekubona. Waqala wahleka.



Inyoka yamemeza umalume uMpungushe yathi, “Uhlekani wena Mpungushe? Awazi ukuthi ukuhlekana kungadala ingxabano!”

“Mina nenyoka singabangane abakhulu!” kusho uMosimane kumalume uMpungushe.

Umalume uMpungushe wathi ukucabanga kancane. Wase eqala ukukhulumela phansi.



“Awusuke ekhanda lami wenyoka ukuze ngilalele kahle umalume uMpungushe,” kusho uMosimane.

Waqhubeka, “Wenyoka, ngikuthwale ngakuwelisa umfula. Ngakuthwala ngaze ngafika lapha. Iphi inkokhelo yami? Bengithi singabangane.”



Umalume uMpungushe wabuza wathi, “Awazi ukuthi izinyoka azithembekile?”

Inyoka yanele yabona ukuthi uMosimane usecasukile yavele yaphilikixela yangena ehlathini.

UMosimane wabuyela ekhaya wayotshela bonke abantu ngale nyoka.

Kuze kube namhlanje izinyoka azethenjwa muntu.